



NGUBANI UMNKAZI WOKUDLA KWETHU KWEMIHLE NGEMIHLE?

Abantu baseNingizimu Afrika badla cishe amalofu esinkwa angu28bhiliyoni, kanti ukulinganisa, cishe ngu 100kg wombila kanye nemikhiqizo eyenziwe ngempumpu kunyaka nonyaka – ukolo kanye nombila ukudla okudliwa kakhulu kwemihle ngemihle ezweni.

Zinkampani ezimbalwa ezilawula imikhiqizo eyenziwe ngokolo kanye nombila – uhambo olusuka emasimini abalimi ukuya ezigayweni, ukuya kumashalofu ezitolo ezinkulu kuze kuyofinyelele ematafuleni ethu kusuku nosuku.

Ama-cooperative emiphongolo yokugcina esikhathi esedule eSenwes, NWK ne-Afgr asungulwa ngaphansi kombuso wobandlululo, alawula u 74% wemithamo egcina umbila, kanti abe-Tiger Brands, Premier Foods, Pioneer Foods, kanye neFoodcorp bona balawula imboni yezigayo zikakolo nombila kanye nezinkwa kanye nezimakethe zezitlokazi.


KWENZEKA KANJANI LOKHU?

Imakethe yezigayo kanye nezitlokazi yayingaphansi kolawulo olukhulu lwemithetho ngaphansi kombuso wobandlululo; kanti ngemuva konyaka ka 1994, kwaqalwa kwasusa imithetho eyenza ukuthi ezinye izinkampani zikwazi ukungena kwimakethe, ukwenzela ukuthi kube nomqhudelwano kanye nokwehlisa amanani entengiso. Lokhu akwenzekanga.

Izinkampani ezinkulukazi ezikhona zavela zavimba kakhulu zalawula imakethe yezigayo zombila kanye nezimakethe zokuthengisa kanye nomkhakha wezezinkwa ngokuthenga izinkampani ezincane kanye nokuvimbela ezinye ukuthi zingene kulezi zimboni.


Manje abathengi bakhokha kakhulu ukuthenga imikhiqizo yombila kanye nokolo, abanini bamapulazi, bathola imali encane eya ngokwehla njalo kunaleyo ababeyithola kuqala, kanti izinkampani zona zithola izizumbulu zezimali – izinkampani zokugcina imikhiqizo, ukugaya kanye nokuhambisa le mikhizo nezitlokazi zenza inzuzo enkulukazi.

Ukugaywa Kombila Omhlophe




- Okunye
- Tiger Brands
- Premier Foods
- Pioneer Foods
- Foodcorp

Ukugaywa kukaKolo




- Okunye
- Tiger Brands
- Premier Foods
- Pioneer Foods
- Foodcorp

Ubunikazi yempuphu (2013)



- Foodcorp NABANYE
- Premier Foods IWISA IMPALA NYALA
- Tiger Brands ACE
- Pioneer Foods WHITE STAR

Ubunikazi bemakethe yezinkwa (2013)



- Okunye AMA-BAKER EZITLOKAZI
- Premier Foods BLUE RIBBON
- Tiger Brands ALBANY
- Pioneer Foods SASKO & DUENS



NGUBANI UMNKAZI WOKUDLA KWETHU KWEMIHLE NGEMIHLE?

NGUBANI UMNKAZI WOMKHAKHA WAMA-RETAIL (IZITOLOKAZI)?

Kanti futhi, izinkampani ezinhlanu zilawula imakethe yokudla ezitolokazi. Lezi zinkampani ngama-Shoprite Holdings, iPick n Pay Retail Group, iSpar Group, Woolworths Holdings kanye neMassmart.



35% Shoprite
27% Spar Group
27% Pick n Pay
8% Woolworths
2% Massmart

Bonke bashaya inguyazana ukuhlanganyela abathengi...

Nangaphezu kwalokho, kukhona ubudlelwane benguyazana phakathi kwabalawula izigayo, izindawo zokucina imikhiqizo, ukuhambisa imikhiqizo yombila kanye nokolo kanye nalabo abathengisa le mikhiqizo.

Isibonelo, uChristo Wiese, ungumninimasheya amaningi eShoprite Holdings, abuye abe ngumninimasheya amaningi eBrait SA, kanti futhi kwayona engumninimasheya amaningi kwa-Premier Foods.

ONGXUWANKULU ABAHLANGANYELA AMA-PROFIT AMAKHULU: NGABE BENZA MALINI?

Imibiko yezezimali yezinkampani ezifana no-Tiger Brands ne-Pioneer Foods ibonisa ukuthi lezi zinkampani zenza iprofithi enkulukazi kumadivishini awo okubhaka, amaphesenti aphezulu kunawo wonke ehlanganiswe neminye imikhakha yamabhizinisi awo.




Amaprofithi enziwe ngamadivishini ezokubhaka 2012

SONKE SIGCINA SIKHOKHELA LOKHU!

Inguyazana yokuhlanganisa (ubunikazi bezimboni okwenziwe yidlanzana elincane lezinkampani) ilimaza abathengi kanye nabalimi abancane kanye nabanikazi bezitolo ezincane, okubandakanya kubo abanikazi bezitolo zeziphaza.

Le nhlobo yalobu bunikazi:

• Lokhu kusho ukuthi lezi zinkampani zongxuwankulu zikwazi ukuzibekela ngokuthanda kwazo amanani entengiso yokudla kwemihle ngemihle okudliwa kakhulu ngabantu.



Ukwenyuka kwentengo yezinkwa

• Ikipha abalimi abancane inyumbazane kanye nezitolo ezincane neziphakathi-naphakathikwimakethe ngoba abakwazi ukuqhudelana nalabongxuwankulu bezinkampani ezinkulukazi ezisebenzisa ubukhulu bazo ukuthenga ngemali ephansi kakhulu imikhiqizo yabo kodwa bathengise ngemali ephezulu.

ONGXUWANKULU ABASHAYA INGUYAZANA: BABOPHA UZUNGU LWAMANANI ENTENGISO YEZINKWA NOMBILA

Abe-Tiger Brands, Pioneer Foods, Premier Foods kanye neFoodcorp...

sekuyizikhashana ezimbalwa bebopha uzungu lokukhuphula amanani entengiso yesinkwa ngokungemthetho. Ngo 2006, lezi zinkampani ezine zavumelana ukwenyusa amanani entengiso yesinkwa ngo 30-35cents ngaphambi kweviki likaKhisimuzi kanti futhi phakathi kweminyaka ka 1999 no 2007 bahlangana kanye nabezigayo bavumelana ngokubopha uzungu

lwentengiso kakolo kanye nemikhiqizo yombila omhlophe ngezikhathi ezithile kanye nezindawo ezithile, futhi babeka amanani afanayo kuwo wonke amakhastama. AbeKhomishana yemiqhudlwano iCompetition Commission babathola benecala lokubopha uzungu lwentengiso yesinkwa (ukuvumelana ngokungekho emthethweni) kwicala elimaqondana nokolo kanye

nombila omhlophe. Abenkampani ye-Premier bathola ushwele wokuthi bangaquliswa icala ngoba bavuma ukusebenzisana nekhomishini ukuveza indaba yenguyazana yozungu lwamanani entengiso, kanti abe-Tiger Brands nabo basebenzisana nekhomishini benzela ukwehliselwa ifayini ka-R98milyoni. Abe-Pioneer Foods bafayinwa u-R1bhilyoni.





NGUBANI UMNKAZI WOKUDLA KWETHU KWEMIHLE NGEMIHLE?

IHLAZO NGENDLALA ENINGIZIMU AFRIKA

Isigaba 27 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika sibeka ukuthi "Wonke umuntu unelungelo lokuthola ukudla okwanele kanye namanzi", kanti sibeka emahlombe ombuso ukuthatha zonke izinyathelo ezifanele, ngokusebenzisa imithombo yosizo ekhona ukufezekisa la malungelo.

Silambile

- Nguhafu wabantu baseNingizimu Afrika abanokudla ngendlela evikelekile ngoba bakwazi ukuthola "ukudla okwanele, okunomsoco nokwakha umzimba, ukuze baphile impilo enhle".
- Abantu baseNingizimu Afrika babulawa yindlala ngoba abakwazi ukufinyelela nokuthenga ukudla, hhayi ngoba kungekho ukudla okwanele.

Kubantu baseNingizimu Afrika bangu 50miliyoni



- Cishe ngo 12miliyoni (24%) wabantu abalala ngendlela.
- Cishe ngu 13miliyoni (26%) abangazi ukuthi ngabe bezoba nakho yini ukudla ngekusasa.
- Ngabantu abangu 28miliyoni kuphela (50%) wabantu abanokudla okwanele.

INTENGISO YOKUDLA IYA YENYUKA

Cishe ukudla okulingana u70% kuthengwa ezitlokazi. Abantu abahluphekile bakhathazeka kakhulu ngokwenyuka kwentengiso yokudla ngoba basebenzisa imali engaphezulu kuka 34% kunyaka nonyaka bethenga ukudla (la maphesenti aya enyuka kunyaka nonyaka) – kanti u 35% waleli nani lisetshenziselwa ukuthenga isinkwa kanye nempuphu. Ukwenyuka kwentengiso yokudla, okubandakanya ukwenyuswa okubangwa wuzungu olubekwayo lwamanani entengiso, kunemiphumela emibi kakhulu kwikhono labantu abahluphekile lokuthengela imindenani yabo ukudla.



Kuyinto ebaluleke kakhulu ukuthi sibhidlize lolu zungu longxuwankulu abahlukemeza kakhulu abathengi eNingizimu Afrika, ikakhulukazi abantu abahluphekile ngokulawula intengo yokudla kwemihle-ngemihle kwabantu – umbila kanye nesinkwa. Sekukhona izinhlangano nentshukumo yabantu eya ngokukhula eNingizimu Afrika efuna ukuthi kube nenqubo ehlukile yezokudla ezweni lethu – inqubo yokudla eqhubekela phambili, elungile futhi ekhiqiza ukudla okunempilo. Inqubo ekhuthaza ukuthi abalimi abancane nezitolo ezincane zikwazi ukungena emakhethe yezokudla.